# VOTELA I-ANC

## NGEZI 27, 28 & 29 APRIL SIYOBE SIKHETHA

Kuzoba yingqayizivela emlandweni we Ningizimu Afrika ukuthi bonke abantu bakwazi ukuvota. Sizokwazi ukukhetha uhulumeni omusha. Sizobe sivotela izinto esingakaze sibe nazo.

## ASIFUNDISANENI UKUVOTA

MANJE ISIKHATHI SIFIKILE ukuthi sinqobe simunye. Wonke umuntu kufanele avote ukuqinisekisa ukuthi sinqoba ngendlela engumnqamla juqu kulolukhetho. Kodwa kufanele sisebenze kakhulu. Abantu abaningi kulelizwe abakaze bavote ngaphambili. Kanti iningi labantu alikwazi ukufunda nokubhala, abanye abantu abasiboni nesidingo sokuthi bavote, abanye bayesaba nokuvota. Kufanele sifundise laba bantu ukuthi kuvotwa kanjani.

## FUNDISA ABANYE UKUVOTA

Ma uhamba usiya ekhaya, okukanye emaholideyini, mawuvakashela umndeni wakho nabangani emadolobheni amancane, ezindaweni zasemakhaya (emaphandleni) kanye nasemapulazini, sebenzela inkululeko. FUNDISA ABANYE UKUVOTA! Xoxisana nomndeo wakho: umama wakho, ubaba wakho, ugogo wakho, umkhulu wakho, abafowenu, odadewenu, o-anti, abangani kanye nabanye abantu endaweni yakini.

### *Qinisekisa ukuthi:*

- Bayazi ngokuthi kuvotwa kanjani
- Banazo izincwadi zikamazisi ye ID
- Bavotela i ANC

## YENZANI AMAQEMBU NOMA AMAKOMITI AZOBHEKANA NOKHETHO

Amaqabane akhelene ezindaweni zawo, kufanele enze amakomiti okusebenzisana, esesemsebenzini, ukuthi mayifika emakhaya aqale umsebenzi. Mabefika ekhaya kufanele baqale ukusebenzisana, ukuqinisekisa ukuthi abantu bayazi ngokuthi kuvotwa kanjani, nokuthi banawo ama ID, okukanye bayothola ama ID abo, mangabe bengakabi nawo.

Mangabe kunabafundi abavela ndawonye, okukanye amanye amavolontiya, nabo bafakeni kulelikomiti elizokwenza umsebenzi. Kufanele nihlangane nizilungiselele nonke ukwenza umsebenzi wokhetho manifika emakhaya. Qoqani onke amaphepha eningase niwadinge afana namaphamfulethi, amaflegi, amaphowusta, amaT-shirtnokunye nihambe nakho maniya ekhaya. Ningathola lezi zinto emahhovisini e ANC, okukanye ehhovisi lenyonyane yenu, okukanye eehhovisi lika COSATU lesifunda.

Lephamfulethi ikuchaza ngokuthi kuvotwa kanjani, nokuthi yini okufanele uyenze ukuthola i ID. Thatha lephamfulethi uyisebenzise ukufundisa abanye.

## UFUNA UHULUMENI OMUSHA OZOSIZA NGALEZI ZINTO:

- Imisebenzi kubo bonke abantu, ngisho nabesimame
- Ukuthi izingane zithole imfundo engakhokhelwa iminyaka elishumi
- Amanzi nogesi emakhaya
- Ukuthola usizo kwezempilo ngaphandle kokukhokha kulabo abangenazo izimali
- Ilungelo lokuba nobunikazzi bomhlaba kanye nokuthi labo abaphucwa imihlaba yabo babuyiselwe yona
- Amalungelo kobo bonke abasebenzi, ikakhulukazi abasebenzi basemapulazini, abasebenzi basezindlini, kanye nabasebenzi abasebenzela uhulumeni

## NGAKHOKE VOTELA I ANC

Akekho ophoqelelwa ukuthi avotele i ANC, kodwa sikukhuthaza ukuthi uvotele i ANC, ngoba yi ANC kuphela enohlelo lokuhlangabezana nezidingo zethu.




*u Mongameli we ANC, u Nelson Mandela kunye no Mongameli we NUM, u James Mtlatsi bamamele imibuzo evela ebantwini kwi People's Forum e Randfontein*

## BASEBENZI, ISIKHATHI SIFIKILE!

Ma-shop stewards, bagqugquzeli, kunye namalungu ezinyunyane Umsebenzi wokugqugquzela kufanele kube wumsebenzi wenu wansuku zonke. Qinisekisa ukuthi iningi labantu emihlanganweni yenyonyane, emihlanganweni yama-shop steward, nakweminye imihlangano eniyihambelayo liyazi ngokuthi kufanele kuvotwe kanjani. ■



*Izihlwela zabantu zilandela u Mongameli we ANC, u Nelson Mandela xa ebendwendwele i khi tshi lase Two North Hostel e Randfontein*